
NEWCASTLE MUNICIPALITY NEWSLETTER

# EYABANTU

FOR THE PEOPLE

ISSUE -18 SEPTEMBER 2020

SCAN QRCODE


UMLAYEZO KAMEYA PAGE 1


ZISHINTSHILE IZINTO NGEMFUCUZA PAGE 5


INEWCASTLE IKHANKASELA ONGENELELE UMNCINTISWANO WAMA IDOLS NGETHEMBA PAGE 7


SIXOXISANA UBUSO NOBUSO NOSOMLOMO WASENEWCASTLE PAGE 8

## UMASIPALA WASENEWCASTLE UQOKWE NJENGOMUNYE OWENNZA KAHLE KOMASIPALA ESIFUNDAZWENI SAKWAZULU-NATAL

**Siphosethu Mkhwanazi and Neliswa Sibisi**




uMasipala waseNewcastle uvele njengomunye omasipala abenze kahle esifundazweni saKwaZulu-Natal. Lokho kuvezwe umnyango wezokubusa ngokubambisana kanye nezindaba zomdabu ngesikhathi kunomhlangano wohlelo lwentuthuko edidiyelwe indaba.

Umhlangano oqoshiwe unikezele ngezimpendulo zokuhlolwa kohlelo lwentuthuko edidiyelwe yesifundazwe saKwaZulu-Natal yonyaka zimali 2020/2021 kanye nangombono ukuthi omasipala benze kanjani uma kuza ekugcineni izindlela zokuhlola zomnyango wezokubusa ngokubambisana kanye nezindaba zomdabu. Ngokusho kwezimpendulo ezinikeziwe, umasipala waseNewcastle uvele njengomunye komasipala abaphezulu abayishumi ngohlelo lwentuthuko edidiyelwe oluhle kakhulu.

Ngonyaka ka 2019 umasipala waqokwa njengo masipala onenani eliphantsi esifundeni ngo 59%. Noma kunjalo kulonyaka zimali esikuwona ka 2020/2021, ngokuhlanganyela kwabathize besebenza ngokuzimisela, sikwazile ukuthola amaphuzu angu 77.63% lokhu okwenze umasipala anikezwe indawo yeshumi komasipala abangamashumi amahlanu nane esifundazweni saKwaZulu-Natal.

Umbiko uveze ukuba umasipala waseNewcastle ungomunye komasipala abenze kahle kakhulu esifudazweni saKwaZulu-Natal, ngokuthuthukisa amaphuzu angu 18%. Ngaphambilini izinqinamba ebeziphazamisa ukwenza kahle kwalomasipala zifaka phakathi lokhu okulandelayo:-

- Ukuthuthukiswa komnotho wasekhaya;
- Ukulethwa kwezidingongqangi emphakathini; kanye
- Ukuphathwa ngokusebenza kwezezimali

Ngokwekomidi elibhekelele uhlelo lwentuthuko oludidiyelwe elenzelwe ukuthuthukiswa kwaloluhlelo, sikwazile ukuthuthuka. uMasipala waseNewcastle ukwazile ukuthola amaphuzu angaphezulu kwamaphuzu esifundazwe angu 72.27%. uMasipala uzibekele uphawu lokuma ekuthuthukiseni amaphuzu abawathole kulonyaka ngokufika namasu amasha okuthuthisa uhlelo lwentuthuko edidiyelwe kanye nokusebenzela ukuthuthukisa izindlela zokuqaliswa kwaloluhlelo emphakathini ngesizathu sokuletha untuthuko emphakathini waseNewcastle.

I DO RIGHT EVEN IF NOBODY IS WATCHING



## Editorial Team

**EDITOR -**
MLUNGISI KHUMALO
Mlungisi.khumalo@newcastle.gov.za

**TECHNICAL SERVICES WRITER -**
NOMFUNDO KHAWULA
Nomfundo.khawula@newcastle.gov.za

**DEVELOPMENT PLANNING AND HUMAN SETTLEMENTS WRITER -**
SIPHOSETHU MKHWANAZI
Siphosethu.mkhwanazi@newcastle.gov.za

**COMMUNITY SERVICES WRITER -**
THULILE MAPHANGA
Thulile.maphanga@newcastle.gov.za

**SPECIAL PROGRAMMES & PUBLIC PARTICIPATION WRITER -**
NELISWA SIBISI

**OFFICE OF THE MAYOR / OFFICER OF THE SPEAKER -**
MLUNGISI KHUMALO
Mlungisi.khumalo@newcastle.gov.za

**COMMUNITY SAFETY WRITER -**
STHEMBELE DLAMINI

**ISINGUNI EDITOR/ CUSTOMER RELATIONS/ ASK THE MAYOR COLUMN -**
SIBONISO XABA
Sibonisa.xaba@newcastle.gov.za

## Switchboard Numbers

Tel: 034 328 7600
Address: 37 Murchison Street

Electricity: 034 312 1201/2
Water: 0860 144 144
Fire and Disaster: 034 328 4700

Facebook: Newcastlemunicipality
Whatsapp: 063 622 9645
Twitter: @nnmunicipality

Eyabantu Newspaper Email:
communications@newcastle.gov.za


# AYIKHO INDAWO YOBUDLOVA KWALAMAQEMBU AMASHA EZIGELEKEQE ENYUKHASELA

Somlomo

Ngiqale ngibonge ithuba ongipha lona lokuba ngikhulume namalunga omphakathi wethu omuhle waseNyukhasela. Ngidlulisa ukubingelela ku Mrs Adams ozoba neminyanka engu96 namhlanje, ngikufisela usuku lokuzwalwa uluhle Ma uphile ezikhathini ezinzima kakhulu, izikhathi ezinzimakakhulu zomhlaba, nangesikhathi ezazimnyama kakhulu, ezweni lethunamuhla ungufakazi wempilo ende kanye nezimfihlo ezibalulekile kulomhlaba omuhle. Ngithola induduzo ekwazini ukuthi ongunye walaba asebevune izithelo ezinhle zobumbano nenkululeka yokuvota yatholwa yinina kuqala. Ngibonge ngingaqedi ngokungivumela futhi ungilalele uma ngikhuluma nginxenxa isizwe ukuba siyibhalisela ukhetho, ngiphinde ngajabuliswe ukwazi ukuthi nasempilweni usaphila kahle ngaphandle kwezinkinga kuze kube yimanje. Sengikhulumela nomphakathi wedolobha lethu elinokuthula nothando, sikufisela impilo ende enhle nobuhlakani obungenamkhawulo.



Somlomo ngithanda ukuqala inkulumo yami yakuleviki ngokucaphuna inkulumo evela kumeluleki engimkhonzile ethi, "Umphakathi onganakekeli intsha yawo, uzovuna izithelo ezibabayo zezizukulwzne ezilahlekile", inkunzi isematholeni. Ngizwa ubuhlung ngokuhluma nokusabalala kwamaqembu ezigelekeqe Osizweni nase Blaaubosch, ahlalisa lubhojozi amalunga omphakathi. Siwumaspala waseNyukhasela siyalwisana nalezenzo zokudlobongela futhi siyalwisana nezenzo zamaqembu ezigebengu. Akukhona kamagida sbhekane lapho umuntu engazenzela umathanda ngaphandle kokujeziswa. Ngeke sivume izindawo zethu ziphenduke kamachanca lapho ubudlova bubusa ukudlula ukuthula. Nginethemba elanele kumphakathi wethu othanda ukuthula, ngiyabanxenxa ukuba bahole imizamo yokubuyisa ukuthula nokubekezelelana. Nginethemba elikhulu kuMaphoyisa ethu kanye nomnyango wezokuphepha komphakathi bazosebenza ngokushesha ukunqnda lezizenzo.

Ngiyawanxusa ukuba lamaqembu athelelane amanzi abheke izindlela ezingaletha uzwano nobumbano phakathi kwabo, nginxusa nabazali balezingane ukuba bangayeki ukuziyala baqhubeke bazame konke okusemandleni ukuzibuyisa kodwa bakhumbule ukuthi induki nokulimaza akuvumelekile. Ikusasa lethu l,ilele kubazali abazoba bukhali ekubhekeni izindlela zezingane zabo.Nginxusa abazali ukuba bazame ukubuyisa ukuhleleka empilweni yayo yonke intsha ekhona emphakathini. Ayikho ingane okumele ifise ukuba ukhanda limtshela okwakhe iphile impilo engenakusasa.

Somlomo kulelisonto sizobe sibunga ngamasu okusiza okuletha isizotha nokuzola ezindaweni ezithintekile zase Osizweni nase Blaaubosch. Sizophinde sihlanganyele nazo zonke iznhlaka ezithintekayo futhi sisize ekuqinisekiseni ukuthi umeluleki uyalethwa kulabo abathintekayo ngenxa yalezizinto ezimbi. Njengo Meya, ngizovakashela izindawo ezithintekile. Inhloso yethu enkulu ukuletha umqulu womhlahlandlela ngokushesha siletho nozinzo kumaspala wethu. Ngiphethe ngokunibanga bahlali baseNyukhasela.

Ozithobayo,

uMeya Womkhandlu waseNyukhasela
uKhansela Dr Ntuthuko Mahlaba

**SEND THE MAYOR A MESSAGE ON THIS WHATSAPP NUMBER -063 622 9645 AND GET A PUBLISHED RESPONSE**



**ACCELERATING SERVICE DELIVERY**

# UMASIPALA WASENEWCASTLE UNYUSA AMAGIYA ENYANGENI YEZOKUTHUTHA




**Sthembele Dlamini, Thulile Maphanga and Neliswa Sibisi**

Njengoba inyanga yezokuthutha isondela ngokushesha, uMaspala waseNewcastle ushintsha amagiya ngochungechunge lemicimbi yokuphakamisa izindaba ezibucayi eziphathelene nezokuthutha kanye nohlelo lokuqhwashisa ngokuphepha emgwaqeni.Ukulungiselela lolu hlelo, ihhovisi lika Somlomo, IPhiko Lokubamba iqhaza Komphakathi, kanye noMnyango Wezokuthutha Kwazulu-Natal ubambe uhlelo ezigabeni ezimbili eNewcastle Town Hall.Inhloso enkulu yaloluhlelo ukwenza ncono noma ukuthuthukisa ezokuthutha endaweni.

IKomidi Lezokuthutha kuMaspala waseNewcastle, ephethe amalunga omphakathi, isebenzise lelithuba ukuveza izinkinga zomgwaqo neziphathelene nezokuthutha abahlangabezana nazo emphakathini eNewcastle namaphethelo.Ikomidi lisebenza njengomxhumanisi phakathi kukamaspala, izigceme nomphakathi ziphinde zibhekele zonke izidingo ezibalulekile mayelana nemiqwaqo nezikuthutha nohlelo lokuthuthukisa umaspala.

UMnu Zakhele Dlamini oyiMenenja yoPhiko Lokubambisana unikeza ithemba ukuthi ikomidi lizokwethula zonke izinqinamba ezibhekene nezokuthutha ngaphambi kokuba kuphele lesigamu.

"Ukubaluleka kokuphepha emgwaqeni kusahamba phambili kuyo yonke imikhakha kahulumeni, imihlangano enjengalena isinikeza amathuba okuveza izindlela zokunciphisa ukubulawa kwabantu emigwaqeni.Singumaspala ongathandabuzi makufika ezinkingeni eziphathelene nezothutha emigwaqeni.Ikomidi lethu lezokuthutha lidlala indima ebaluleke kakhulu lapho libhekana nezinselelo eziphathelene nezokuphepha emigwaqeni nokuthi uhulumeni angayithuthukisa kanjani imikhakha yalomsebenzi," kuqhuba uMnu Zakhele Dlamini.

Ukuzibophezela kukamaspala ukubeka phambili ukuphepha emgwaqeni kwamukelwa yibo bonke ababambiqhaza.Amalunga ekomidi anikezelwe ngezitifiketi zokubamba iqhaza, nokuzinikela kwabo ekusizeni ukuthuthukisa umikhakhakha.

REPORT WATER LEAKS \ SEWAGE SPILLS - 034 328 7600

Newcastle Municipality
EYABANTU - FOR THE PEOPLE

# UMKHANDLU WASENEWCASTLE UHLANGANE NESIGUNGU SABOMDABU BASESHAYINA

**Siphosethu Mkhwanazi**

Ngesonto elindlule isigungu sabomdabu baseshayina sihlongoze ukuthi umasipala waseNewcastle ungenelele uphinde uhole imizamo yokubiza izinxoxo ezinokuthula phakathi kwaba bambe iqhaza kwisingungu sezomnotho waseNewcastle. Lokhu kulandela ngemuva kwezinxoxo zezinyanga kungekho mandla okusebenzisana kwezinye kwezimboni zaseNewcastle zezindwangu.




Isigungu sabomdabu baseshayina eNewcastle sibize umhlangano ophuthumayo nomaspala ngenhloso yokubonisana emhlanganweni ophakathi kwabasebenzi nabaphathi kulomkhakha. Lomhlanagno uphinde wakhuluma ngesiteleka sakamuva, kwaphinde kwathola izixazululo zokuphikiswano nokuqeda ubugebhengu kungazelelwe. Ngokwesgungu sabomdabu baseshayina lokuntengantenga komnotho kunganezezezela ekutheni kungabi nokukhula kumnotho wedolobha okungaphetha ngokuthi kube nokulahleka okuningi kwemisebenzi. Lokhu kuthiwa kungaba nemiphumela emibi kakhulu, ikakhulukazi ngoba kusaliwa nesimo esishiywe ukhuvethe.

uMaspala uqinisekise abamele izigungu ukuba uzosisukumela lesisimo ngendlela ezosiza zonkeizinhlangano eziphathekayo, ikakhulu abacindezelwayo ezindaweni zokusebenza, kungaba umsebenzi noma umqhashi. Osomabhizinisi baphinde bacela umaspala ukuba uqhubeke ubambe iqhaza ekubambeni lemihlangano kukuze kutholakale isisombululo.

Umhlangano ubuqhubwa umqondisi (SED) wezokuhlelwa kwentuthuko nokuhlaliswa kwabantu. uMnz Vish Govender othathe izinqumo ezahlukene ezifaka phakathi, ukubizwa okuphuthumayo kwabasebenzi nabaqhashi abathintekayo.

uMeya womkhandlu waseNewcastle, uNtuthuko Mahlaba uthembise isigungu sabomdabu basestshayina ukuthi umasipala uzouzosisukumela lesisimo ngendlela ezonceda umphakathi, ubesecela amalunga omphakathi ukuba bakhetha ukuthula kunokuhilizisana.

"ukukhulumisana ngokuzwana ikona okudingakalayo kunokulwisan. Siyasamukela isicelo senu sokufisa ukusebenzisana nathi, kodwa kubalulekile futhi ukuba singathathi uhlangothi. Lesi akusona isikhathi sokukhombana ngeminwe, sizobambisana nabomthetho sinxusa bonke abathintekayo ukuba baxoxisane ngokuthul. Umapala angeke ukumele ukungalawuleki, kuphetha uMeya.

uDKT. Mahlaba uphinde wanxusa abasebenzi ukuba bavumele umthetho oholwa umnyango wezabasebenzi kuba udlale indima yawo.

"Asihlonipheni umnyango wabasebenzi, sibalinde benze okufanele ukuze baxazulule lesisimo. Sinxusa nabosomabhizinizi ukuba basebenzise ubulungiswa uma bexazulula izinkinga emsebenzini," kphetha uMahlaba.
Umaspala ukubeke obala ukuba awukaze uqoke noma uthumele umuntu omelet uMeya emphakathini. Umkhandlu uthathe isinqumo sokuba ubize umhlangano phakathi kuka SAPS, SARS, Department of Labourkanye ne sgungu sabomdabu baseshayina, uzama ukunxusa ubumbano nozinzo kubobonke abathintekayo.




WASH YOUR HANDS. SANITISE. SOCIAL DISTANCING

Newcastle Municipality
EYABANTU - FOR THE PEOPLE

# "UKWEHLUKANISA KWEMFUCUZA EMTHONJENI" ZIZO JIKA IZINTO ENEWCASTLE

**Sthembele Dlamini**

Umaspala wase Newcastle ngokubambisana noMnyango Kazwelonke Wezemvelo namahlathi kanye Nezokudoba kanye noHlelo Lwemvelo Lwezizwe Ezihlangene, kwenziwe uhlelo lokuzama ukwethula ukwehlukaniswa kwemfucuza eNewcastle.

Ukukwehukanisa kwemfucuza kuwukwenzela ukuhlukanisa imfucuza emanzi neyomileukuze isetshenziswe kabusha ngempumelelo nokuncishiswa kukadoti olahlwa endaweni yokulahla udoti. Inhloso enkulu yale project ukufaka isandla ohlelweni lokunciphisa ukuncola kukamaspala, ngokuphambukisa okungenani imfucuza engama 93% kude nezindawo zokulahla udoti, ukwakha amathuba omsebenzi,ukunga izinsiza zemvelo namandla.Umphumela olindelwe ukwelula isikhathi eside nokuphila kwezindawo zokulahla udoti eNewcastle nama phethelo.

Umeya womaspala womkhandlu wase Newcastle ukhansela Dkt Nthuthuko Mahlaba ugcizelele ngemiphumela emihle yokuba nemvelo ehlanzekile, ikakhulukazi ngezikhathi ezinzima zegciwane leCOVID-19.

"Ukuthuthwa kwendle nokuqhoqhwa kwemfucuza yinxenye ebalulekile yokulethwa kwezidingo.Njengomaspala sijabulile ukuba phakathi komaspala bokuqala ukwamukela loluhlelo, futhi ekugcineni silwenze lube yimpumelelo. Inhloso yethu enkulu njengamanje ukuqinisekisa ukuthi sigxilisa isiko lokuhlanzeka kanye nokuqinisekisa ukuthi I Newcastle ihlala iyidolabha elihlanzekile.Sisebenza ngokungakhathali siphikelele enhlosweni yethu yokuba yindawo ethandwa kakhulu osomabhizinisi.Imizamo yethu yokufeza umbono wethu ka 2035 wokuba idolobha eliqinile futhi elinamasu iqhubeka kancane kancane.

IMeya uDr Ntuthuko Mahlaba ushayele ihlombe imodeli yeproject kanye namandla ayo okudala imisebenzi kulomkhakha.

"Ngiyajabula ukuthi leproject inamandla okudala imisebenzi edingeka kakhulu emikhakheni wokunciphisa imfucuza.Izindawo zethu zokulahla zigcwele izinto eziningi ezibalulekile, eziningi zazo ezingabuye zisetshenziswe kabusha futhi zidayiswe kabusha.Imodeli yebhizinisi neyezezimali yeproject izoshintsha inhlanhla yabantu abaningi baseNewcastle."

Isukhulu esibhekele ukusebenza kwezimali kumaspala neMenenja yakaMaspala uMnu. M Mayisela uthaze ukukhishwa kwaloluhlelo, sizogxila ezigcemeni ezimbili kuphela kulesikhathi, bese ngokuhamba kwesikhathi siye kuwo wonke amawadi angama-34 eNewcastle.
"Loluhlelo luzoqala eSiyahlala –la nase Schuinshoogte.Imizi kulezindawo izonikezwa amapulastiki amabili kadoti, eyodwa emnyama nenye emhlophe.Loku kuzobanika inkululeko yokuhlukanisa imfucuza emakhaya, ngenkathi bethola ithuba lokulahla imfucuza yase ngadini esikhungweni sethu eFarmers Hall.UMaspala ufisa ukubeka phambili abantu besifazane nentsha ikakhulukazi kuloluhlelo."

UMnqondisi Obambile Wamasu Wezinsizakalo Zomphakathi uMnu Vish Govender, uphinde walayela bonke abalingani ababalulekile ngendlela yabo engapheli nokuzibandakanya ekutholeni izixazululo zezinkinga endala.
Izinkinga zodoti ezakudala eminyakeni engamakhulu endlule.Ngebhadi zincane izixazululo ezikhona.Kodwa-ke, sijabule kakhulu ukuba phakathi kwalabo abahambisana nemizamo yokuhambisa umphakathi phambili, futhi nokuza nezixazululo ezinenqondo.Uma ngabe le project yokulinda impumelelo, iyimpumelelo kukhona esikwenzile okulungele imvelo kanye nezizukulwane ezizayo."





REPORT CORRUPTION

# UMASIPALA WASENYUKHASELA UZIBOPHEZELA EKULWENI NOKUSETSHENZISWA NGOKWEQILE KWEZIDAKAMIZWA




**Neliswa Sibisi and Nomfundo Khawula**

UMnyango weZokuthuthukiswa koMphakathi (DSD) ngokusebenzisana noMasipala waseNyukhasela ophikweni olusebenza ngezidingo ezikhethekile ( Special Programmes ) bathule uhlelo lokuxwayisa ngokusetshenziswa ngokweqile kwezidakamizwa, ngaphanzi kohlelo lukaSukuma Sakhe ngesonto eliphelile endaweni yase Blaaubosch.

Loluhlelo luthulwe eSt.Antony's okuyisikhungo sentsha kanye nezingane esise Blaaubosch, ngenhloso yokuvuselela imindeni esibhidlikile ngenxa yokusetshenziswa ngokweqile kwezidakamizwa. Ngaloluhlelo kuhloswe ukufundisa umphakathi ukubhekana nenkinga edalwa ukusetshenziswa kwezidakamizwa.Indawo yaseBlaaubosch engenye yezindawo ezihlonzwe ngeziseqhulwini kulombhidlango. Loluhlelo luhlonze labo abasanda kuqala izidakamizwa, izimfundamakhwela, ukuthola labo asebegxile ophuzweni oludakayo kanye nasezidakamizweni.

Umphathi wophiko olusebenza ngezidingo ezikhethekile kuMasipala uNkz.Samke Dube ubenethemba lokuthi uzotholakala umsuka wenkinga yokusetshenziswa kwezidakamizwa.

Sithole ukuthi ukusetsenziswa ngokweqile kwezidakamizwa kulendawo kudalwa nayizinqinamba ezihambisana kanye nesimo senhlalo kanye nomnotho.Sekumele sisungule izinhlelo zomphakathi ezizoqeda lenkinga ebhekene nomphakathi,kodwa lokhu kuzodinga ukuba sithathe izinqumo eziqinile ekulweni nalesihlava, “kusho u Samke Dube”.

Loluhlelo lokuqwashisa umphakathi luhlongoze ekuthulweni kwenkulumo ngxoxo, ezobandakanya kakhulu abazali kanye nabaholi bomphakathi ukuze kutholakale umsusa walenkinga.Lomkhankaso uzothulwa nakweminye imiphakathi eseduze.

Isikhulumi sosuku, uSotswebhu woMkhandlu UCllr.Dolly Mnguni wagcizelela ukubaluleka kokubandakanyeka kwabazali kanye nomphakathi ekulwisaneni nalolubhubhane lwezidakamizwa .Uphinde wagcizelela ukubaluleka kokutholwa kwabashushumbisi nalabo ababambe iqhaza elikhulu enkampanini yezidakamizwa, kuvalwe izindawo zabo kusetshenziswa abophiko lwengalo yomthetho.

Intsha kanye nezingane zase St.Anthony's nabo bamenyiwe kulenkulumo ngxoxo .Ababambe iqhaza elibalulekile njenge Life line,Rehab Agencies,SANCA kanye ne SAPS bavumelane ngokusebenza ngokubambisana ekulwisaneni nalesihlava.Inkulumo ngxoxo yathola okukhulu ukusekelwa.

Esinye isihlava esihlasele umphakathi, wudlame olubhekiswe kubantu besimame , lomcimbi uphethwe ngokudingidwa kweqhaza elingabanjwa izinhlaka ezibalwe ngenhla ekunqandeni lenkinga.

# UMZWILILI WASENEWCASTLE WENZA UMHLOLO KUMA IDOLS




**Neliswa Sibisi**

Usephinde waliphakamisela iphezulu iflege lase Newcastle, uAsimbonge "Melanin" Zwane oneminyanyaka engu 22, ngokuzenzela udumo kuma Idols 16. Umphakathi wase Newcastle, kanye noMeya uDr Ntuthuko Mahlaba bakhankasela lomculi.

UMelanin usezenzele udumo kuma Idols, ngesikhathi ecula azange ashaye eceleni. Unhloso yakhe enkulu ukuzibona eyinxenye abaphezulu abayishumi kulomncintiswano, udinga ukusekelwa amalunga omphakathi ukuzo afezekise iphupho lakhe. Wazuza izinhliziyo zabantu abaningi ngesikhathi enza inhlolokhono ehlabelela ingoma yenatandokazi yalkhe yase Ningizimu Afrika uPrince K-Bee ethi, "Fetch your Life".

Umculi onohlonze nothandekayo umangaze izwe lonke ngesikhathi endlulela kwisigaba esilandela saloluhlelo esibizwa mgokuthi isonto leTheatre. Ukuveze ngokungananazi ukuthji angaphumelela abe i-Idol elandelayo. UMelanin umculo uyamthokozisa umbeke endaweni angakaze afike kuyo ngokwenyama. Uthando lwakhe lomculo lusuka kude esacula ikhwaya yesonto, waqhubeka nako esikoleni lapho aphumelela khona umncintiswano wasekhaya.

Ngesonto elendlule ushise izikhotha ngesikhathi ecula iculo lomculi odumile uCindy Lauper, elithi "True Colours". Ushiye amajaji engawuvali umlomo, bavumile ukuthi abadelanga. uMakade ebona wezomculo ophinde abe ijaji u-Unathi Nkayi usale ebambe ongezansi encoma enconcoza ngendlela lomculi acule ngayo.

UMeya umshayele ucingo engazelele emququzela futhi emncoma ukuba aqhubeke enze kahle. UDr Mahlaba uphinde wamxusa ukuba asithakasele sonke isikhathi lapha akhumbule ukuthi iNewcastle iyamuseka ngokugcwele.

"Singabahlali baseNewcastle siyazigqaja ngalomculi onesiphiwo esiyimanga, simi naye ngoba ukuphumelela kwakhe kungukuphumelela kwethu. Nginxenxa yonke intsha ukuba ilandela amaphupho ayo bangavumeli izimo zomhlaba zibabuyisele emuva noma zime endleleni yamaphupha abo,"kuqhuba umeya Dr Mahlaba.



# SIXOXA UBUSO NOBUSO NOSOMLOMO WOMKHANDLU WASENEWCASTLE



**Thulile Maphanga**

Omunye wezikhulumeli ezihamba phambili baseNewcastle nongumpetha wokulethwa kwezidingo, uNksz Samukelisiwe Yende, ubeka ukubaluleka kokusebenzela umphakathi ngokuzimisela. UNksz Yende ukholelwa ngokuqinile ekuphenduleni, ukuhola ngokuzidela, futhi ubeka izintshisekelo zomphakathi phambili. Kulelisonto ephepheni laseNewcatsle ledigital, Eyabantu, izoxoxa "Ubuso no Buso" noSomlomo Womkhandlu, nokusulungula imisebenzi ebhekene nehhovisi lakhe nokuthi ungazinakekela kanjani kancono izidingo zomphakathi.

"UKULETHWA KWEZIDINGO NOKUSIZA UMPHAKATHI OSIVOTELE UKUTHI SIWUSEBENZELE KUBALULEKILE EMKHAKHENI WOHULUMENI BASEKHAYA," KUSHO USOMLOMO WOMKHANDLU.

UNkzs Samukelisiwe Yende wazalelwa endaweni yaseNewcastle, uchithe isikhathi sakhe sonke esasengumntwana noma esekhulile iminyaka endaweni yase Osizweni, esemaphandleni aseNewcastle. UNkzs Yende uthando lwakhe lokusebenzela umphakathi laqhala kakhulu futhi lakhula lapho ezibandakanya ekusunguleni umkhandlu wentsha yaseNewcastle, ize yamukelwa ezinhlangeni zamaspala ngo-2008.UNkzs ukhulise uthando nokujabulela kwakhe kwezepolitiki ngesikhathi evotelwa ukuba yi-PR khansela ngo-2019. Ngesikhathi esifanayo, wafungiswa njengo Somlomo Womkhandlu waseNewcastle.

USomlomo uYende uchaza ukuthi uMthethosisekelo waseNingizimu Afrika Kanye noMthetho wezinhlaka zikamasipala kudinga ukuthi yonke imikhandlu ikhethe uSihlalo, obizwa ngoSomlomo.

Umsebenzi kaSomlomo ukuqinisekisa ukuthi bonke abahlali bakuwo wonke amawadi angu-34 kuMasipala, uyabonisana, abandakanywe kuzo zonke izinqinamba zikaMasipala ezibalulekile.umsebenzi obalulekile kaSomlomo ukusebenza ngokubambisana namakhansela ekomidi ukuqinisekisa ukusebenza ngokuzimisela emphakathini abawusebenzelayo, njengoba bewumgogodla phakathi kwekomidi nomphakathi. Ukwenzela ukwakha nemisebenzi emiliyomkhandlu kaMasipala, umsebenzi wezomthetho nomsebenzi wezokuphatha.

Usomlomo wengamela imihlangano yomkhandlu futhi wenza imisebenzi aphinde asebenzise amandla anikezwe wona. Lemisebenzi ifaka phakathi:

- Ukuqinisekisa ukuthi iKomidi liyahlanga okungenani najalo ngekota
- Ukuqinisekisa ukuthi kunokuhleleka ngesikhathi semihlangano
- Ukuqinisekisa ukubambisana nomkhandlu kanye namalungu ekomidi ngendlela yomthetho wokuziphatha kwamakhansela
- Ukuqinisekisa ukuthi imihlangano yomkhandlu yenziwa ngokulandela imithetho kanye nemiyalo yamakhansela

Isigaba 59 soMthetho Wezinhlelo zikamasipala sichaza izindima namandla kaSomlomo
Izindima ezinthathu zeminyango yeHhovisi likaSomlomo:

- Umnyango obamba iqhaza emphakathini
- Umnyango wezindaba zamakhansela
- Umnyango wamakomidi omkhandlu

# NEWCASTLE MUNICIPALITY

## ERRATUM

## CS26/2020

Reference is made to the vacancies which appeared in the Newcastle Advertiser on 18 September, 2020 for the following positions :-

- Senior LED Officer : Investment Promotion : Post ID : DPHS30
- Chief Administrative Officer : Post ID : CORP3
- Personal Assistant : Post ID : CORP2
- Labour Relations Officer : CORP118C
- Organisational Development Officer : Post ID : CORP118

The CV drop box was stolen on 21 September, 2020 at Security on the 1st floor at the Tower Block.

Please re-submit your cv if it was submitted between 09:00am and 11:00am on 21 September, 2020.

Kindly note that the closing date will be **9 October, 2020** and not **2 October, 2020** as indicated in the original advertisement.

JOBS AND TENDERS ARE NOT FOR SALE



